


Endaweni ebizwa ngokuthi iGaMaupye, engaphandle kwedolobha iPolokwane, kuhlala uMnumzane Masoga Maupye nowakwakhe uNkosikazi Masohlo Maupye.

UMnu. Maupye wondla umndeni wakhe ngokulima. Uvuka njalo ekuseni aye emasimini nenja yakhe u-Pichonki.



“Namhlanje ngizokubamba lokhu okudla izilimo zami,” kusho uMnu. Maupye ngokuzethemba.

“Angisebenze kakhulu kuze kube semini,” usho ku-Pichonki.



UMnu. Maupye usebenza kanzima emasimini.

Wondla umndeni wakhe ngezilimo zakhe.

Akayithengi impuphu nemifino.



Emva kwamahora ambalwa, kufika uNkosikazi Maupye ensimini.

Ulethe ukudla kwasemini namanzi.

“Sawubona Mokone,” kubingelela uNkosikazi Maupye.



UMnu. Maupye uyadla, uyaphuza bese ephumula.

“Kulo nyaka, sibusiswe ngemvula. Izilimo ziluhlaza futhi zikhula kahle,” uyaphawula.

“Kunjalo, sizothumela amasaka ayishumi amabele ayogaywa,” kuphendula uNkosikazi Maupye.



“Khohlwa yilokhu okudla izilimo zakho! Kuningi ukudla,” kuhleka uNkosikazi Maupye.

“Ngiyabona ukuthi awungazi, sithandwa sami.

Ngiyafunga, ngizokubamba!” kuphendula uMnu. Maupye.



Kwathi kusenjalo, uMnu. Maupye wabona unogwaja udla izilimo zakhe. Wagxuma wawujikijela ngegeja.

“Ngizowubamba!” kumemeza uMnu. Maupye.



Wabaleka wayoshona unogwaja.

U-Pichonki akazange awuthole.

Igeja nalo lase lephukile.

UNkosikazi Maupye uphefumulela phezulu.